ENYE INKONZO YOKWENZA ISIDHLO SENKOSI

NOMA

UKUDHLELANA OKUNGCWELE

[ALTERNATIVE FORM OF SERVICE FOR THE HOLY COMMUNION IN ZULU]

LONDON
SOCIETY FOR PROMOTING
CHRISTIAN KNOWLEDGE
NORTHUMBERLAND AVENUE, W.C.
PRINTED IN GREAT BRITAIN
1926

ENYE INKONZO YOKWENZA ISIDHLO SENKOSI

NOMA

UKUDHLELANA OKUNGCWELE

Imisiwe ngomteto ukuba isetshenziswe eChurch leProvince laseSouth Africa lapo ivunyelwa nguMbishopi.

Bonke abazimisele ukwamukela isiDhlo seNkosi mabamazise umPristi amagama abo lungakafiki usuku lwesiDhlo.

Uma ekona kubo owaziwa yibo bonke ukuti ungumuntu ohamba kabi, noma onile owakelene naye ngezwi noma ngesenzo laza lanengwa iBandhla, umPristi ekwazi loko akambize lowo'muntu amtshelisise ukuti ngalokoti ukusondela eTafuleni leNkosi engakatsho pambi kweBandhla ukuti usependukile ngokuqinisileyo walungisa ukuhamba kwake okwonakeleyo, ukuze iBandhla elanengwa yiko likolwe ukuti upendukile: nokuti usekulungisile loko abem'one ngako, kumbe utembisile ukuti uyakulungisa lapa enamandhla okwenza njalo.

UmPristi uyakwenza kanjalo futi kubantu okubonakalayo ukuba kukona umona nenzondo pakati kwabo: angabavumeli ukuba basondele eTafuleni leNkosi aze aqonde ukuba sebebuyisene. Uma omunye kubo abaxabeneyo evuma ukutetelela ngenhliziyo yake yonke konke abem'one ngako: kuy'ilapo omunye enqaba ukubuyisana kepa ehlezi ngenkani nomona: umPristi ufanele ukwamukela opendukileyo esiDhlweni seNkosi; amnqabele ongapendukile. Kepa umPristi, uma emnqabela umuntu ngokunjalo, noma emnqabela ngaloko okusemtetweni ongasenhla unecala lokuba abikele uMbishopi loko akwenzileyo, kungakadhluli izinsuku ezilishumi nane. UMbishopi wopata leyo'ndaba njengokwomteto weChurch.

Ngesikati sesiDhlo iTafula malembesiwe ngendwangu enhle emhlope yelinen. UmPristi emi ngaseTafuleni atsho umTandazo weNkosi neKolekta elilandelayo, abantu beguqile.

BABA wetu osezulwini, Malahlukaniswe iGama lako. Mauze umbuso wakò. Mayenziwe intando yako emhlabeni njengasezulwini. Sipe namuhla ukudhla kwetu kwanamuhla. Sitetelele izono zetu, Njengokuba nati sibatetelela abasonayo. Ungasiyisi ekulingweni; Kodwa usikulule kwokubi. *Amen.*

Ikolekta

NKULUNKULU mNinimandhla onke, izinhliziyo zonke zivulekile kuwe; izimfiso zonke zaziwa nguwe, akuko luto olufihlelwe wena; Yenza ibe mhlope imicabango yezinhliziyo zetu ngokupefumulela kuzo uMoya wako oy'iNgcwele, ukuze sikutande ngokupeleleyo, silidumise ngokufaneleyo iGama lako elingcwele; ngaye uKristu iNkosi yetu. *Amen.*

UmPristi abesependukela ngakubantu, amemezele ngezwi elizwakalayo IMITETO E'LISHUMI; abantu besaguqile bacele ngemva kwayo yonke imiTeto ngaminye isihhau sika Nkulunkulu ngenxa yezeqo zabo zesikati esidhlulileyo, bacele nomusa wokuba bayigcine ngesikati esizayo, ngokuti.

umPristi.

1. Unkulunkulu wawamemezela lamazwi wati.

Mina Ngiy'iNkosi, uNkulunkulu wako; ungabi nabanye oNkulunkulu ngapandhle kwami.

Nkosi, sihhaukele, uqondise izinhliziyo zetu zibambe lomteto.

2. Ungazenzeli isitombe, ungazenzeli umfanekiso waluto olusezulwini pezulu, nolusemhlabeni pansi, nolusemanzini ngapansi kwomhlaba. Ungakotami pambi kwazo, ukuleke kuzo.

Nkosi, sihhaukele, uqondise izinhliziyo zetu zibambe lomteto.

3. Ungadhlali ngeGama leNkosi uNkulunkulu wako.

Nkosi, sihhaukele, uqondise izinhliziyo zetu zibambe lomteto.

4. Kumbula ukwahlukanisa usuku lweSabata. Wosebenza ngezinsuku ezi isitupa, wenze ngazo wonke umsebenzi wako. Kepa olwesikombisa lu'liSabata leNkosi uNkulunkulu wako.

Nkosi, sihhaukele, uqondise izinhliziyo zetu zibambe lomteto.

5. Yazisa uyihlo nonyoko.

Nkosi, sihhaukele, uqondise izinhliziyo zetu zibambe lomteto.

6. Ungabulali 'muntu.

Nkosi, sihhaukele, uqondise izinhliziyo zetu zibambe lomteto.

7. Ungapingi.

Nkosi, sihhaukele, uqondise izinhliziyo zetu zibambe lomteto.

8. Ungebi.

Nkosi, sihhaukele, uqondise izinhliziyo zetu zibambe lomteto.

9. Ungafakazi ngamanga.

Nkosi, sihhaukele, uqondise izinhliziyo zetu zibambe lomteto.

10. Unganxaneli.

Nkosi, sihhaukele, uyibale yonke lemiteto ezinhliziyweni zetu, siyacela Nkosi.

Kut'uba IMITETO E'LISHUMI ilandwa kanye kuleli naleli Sonto elikuso isikati seAdvent naseLent, ingayekwa kwezinye izikati. Inxa iyekwa kanjalo, kungalandwa loku okulandelayo, okukuti,

WATI uJesu: Wotanda iNkosi uNkulunkulu wako ngenhliziyo yonke yako, nangompefumulo wonke wako, nangengqondo yonke yako; Ilowo omteto omkulu owokuqala. Owesibili ufana nawo wokuti Wotanda owakeleneyo wako njengaloku zitanda wena. Kulemiteto emibili kubambelele umteto wonke nabaProfeti.

Abantu. Nkosi sihhaukele, uyibale yonke lemiteto yako ezinhliziyweni zetu, siyacela Nkosi.

Uma sekulandiwe loku, noma, mhlaumbe, kuyekwe, kungatshiwo,

Nkosi, sihhaukele.
Kristu, sihhaukele.
Nkosi, sihhaukele.

Besekutiwa,

INkosi mayibe nani.
Mayibe nomoya wako.
Asikuleke.

Besekwenziwa iKolekta lalolosuku. Amanye amaKolekta amisiweyo angalandela lapa, elokugcina malipele ngegama lokuti:

OKONA ebusa nawe noMoya Oyingcwele, uNkulunkulu Munye njalo, kuze kube pakade. *Amen.*

Imfundiso.

Ngemva kweKolekta umPristi afunde iPistola ati, iPistola lilotshiwe (*noma,* umBhalo omiselwe iPistola ulotshiwe) esahlukweni—encwadini—kuqala ngeVerse—. *IPistola selifundiwe ati,* Lipela lapa iPistola. *Abesefunda iVangeli (abantu bemi) ati,* iVangeli eliNgcwele lilotshiwe esahlukweni—sika—kuqala ngeVerse—. *Uma bekona abangabapatiziwe nabakitshiweyo eBandhleni ingenziwa lapa inshumayelo. Ngemva kwayo bangapunyiswa enkonzweni ngomkuleko nangesibusiso. Besekuhlatshelelwa noma kutshiwo lesi siVumo soKolo, abantu besemi njalo.*

NGIYAKOLWA kuNkulunkulu Munye uYise umNinimandhla onke, umEnzi wezulu nomhlaba, nowako konke okubonakalayo nokungabonakaliyo.

Nakuyo iNkosi inye uJesu Kristu, iNdodana eyodwa ezelwe uNkulunkulu, izelwe uYise kungakabiko izikati zonke; inguNkulunkulu ivela kuNkulunkulu, ingukuKanya ivela kuko ukuKanya, inguNkulunkulu impela ivela kuNkulunkulu impela, Eyazalwa, engenziwanga, iSubstansi layo linye nelikaYise, Okwenziwa iyo konke: Eyehla ezulwini ngati tina abantu nangokusisindisa, Yenziwa inyama ngoMoya oy'iNgcwele kulo iVirgo uMaria, Yaba umuntu, Futi yabetelwa esipambanweni ngenxa yetu kuPontiu Pilatu, Yahlupeka, Yabekwa elibeni, Ngosuku lobutatu yabuya yavuka njengokulotshiweyo, yenyuka yaya ezulwini, Isahlezi kona ngasekunene kukaYise. Iyakupinda ize nobukosi ukwahlulela abasekona nabafileyo: Umbuso wayo auyikupela.

Ngiyakolwa nakuMoya oy'iNgcwele, oy'iNkosi, opilisayo, Opuma kuYise nakuNdodana, Obongwayo edunyiswa kanye noYise neNdodana, Owashumayela ngabaProfeti. Ngiyakolwa nakulo iChurch linye eliNgcwele eliKatolika elab'Apostoli. Ngivuma umBapatizo munye wokutetelela izono, Ngibheka ukuvuka kwabafileyo, Nokupila kwezikati ezizayo. Amen.

UmPristi abesebika kubantu izinsuku ezingcwele nezokuzila ezifanele ukugcinwa kulelo'viki elilandelayo. Besekubikwa usuku lwesiDhlo seNkosi (uma siyakuba kona); besekufundwa izimemezelo zemiTshado: kufundwe nezincwadi ezivela kuMbishopi, nezokukipa abantu eBandhleni. Akungamenyezelwa luto enDhlini yeSonto ngesikati senKonzo eNgcwele kupela ngumPristi, naye angamemezeli luto kupela okungemiteto yalencwadi, nokulayezwa nguMbishopi.

Ingenziwa lapa inshumayelo uma ingenziwanga ngapambi kwesiVumo soKolo.

IOffertorio.

UmPristi abesebuyela eTafuleni leNkosi aqale iOffertorio, atsho libe linye, noma emangaki, kulawa maSentense alandelayo, akete ngokubona kwake.

Advent. Jabula kakulu Ndodakazi yaseZion ; memeza Ndodakazi yase Jerusalem ; bheka iNkosi yako iyeza kuwe. *Zek.* 9.

Ukuzalwa kweNkosi. Sizalelwe uMtwana ; sipiwe iNdodana. *Is.* 9.

Epifania. Onke amakosi ayokotama pambi kwake ; Zonke izizwe zabantu ziyomkonza. *IHhubo* 72.

Lent. Dabulani izinhliziyo zenu, ningadabuli izingubo zenu, nipendukele kuSimakade uNkulunkulu wenu ; ngokuba enomusa uyahhaukela. *Joel.* 2.

UkuHlupeka kweNkosi. Ukungijezisa kwako kudabulile inhliziyo yami ; ngigcwele ubunyu ; ngambheka ongangihaukela, kepa akako ; futi angifumananga abangangiduduza. *IHhubo* 69.

UkuVuka kweNkosi. UKristu uvukile kwabafileyo, uyingqalabuto yalabo abalele. Aleluya. 1 *Kor.* 15.

UkwEnyuka kweNkosi. Vulekani, nina masango : Vulekani nina minyango yapakade : ingene iNkosi yobukosi. Aleluya. *IHhubo* 24.

Pentecost. Ngotela umoya wami pezu kwenyama yonke. Aleluya. *Joel.* 2.

Trinity. Ubani ongayikukwesaba wena, Nkosi, alidumise iGama lako na ; ngokuba uyingcwele wena wedwa. *Isambulo* 15.

Izinsuku zabaNgcwele. Yonke imisebenzi yako iyakudumisa wena, Nkosi. AbaNgcwele bako bayakubonga. *IHhubo* 145.

Ukukulekela abafileyo. Akako umuntu wakiti ozipilelayo yena, akako ozifelayo. Uma sipila sipilela iNkosi : uma sifa sifela iNkosi ; njalo noma sipila noma sifa singabeNkosi. *Rom.* 14.

Izinsuku zonke. Ukukanya kwenu akuqame pambi kwabantu, ukuze babone ukwenza kwenu okuhle, bamdumise uYihlo osezulwini. *St. Matt.* 5.

Ningazibekeli imfuyo lapa emhlabeni, lapo yonakaliswa kona ukugqwala nenundu, lapo amasela efohla kona ebe ; kodwa zibekeleni imfuyo ezulwini, lapo ingonakaliswa kona ukugqwala nenundu, lapo amasela engafohli kona ebe. *St. Matt.* 6.

Konke enitanda ukuba abantu banenzele kona, nani benzeleni kona loko, ngokuba loku kungumTeto nabaProfeti. *St. Matt.* 7.

Akusibo bonke abatshoyo kimi ukuti, Nkosi, Nkosi, abayakungena embusweni wezulu, yilowo kupela owenza intando kaBaba wasezulwini. *St. Matt.* 7.

Kumbulani amazwi eNkosi uJesu, loku yati, Kubusisekile ukupa kunokwamukela. *Imiseb.* 20.

Yena ofundiswa iZwi kam'abele umfundisi kuzo zonke izinto ezinhle. Ningakohliswa, nNkulunkulu kahlekwa, ngokuba loko umuntu akuhlwanyelayo uyakuvuna kona loko. *Gal.* 6.

Sisenetuba asenzele bonke abantu okuhle, ikakulu abendhlu yokukolwa. *Gal.* 6.

Ubusisiwe lomuntu osiza abagulayo nabantulayo : iNkosi iyakumsindisa ngesikati sokuhlupeka kwake. *IHhubo* 41.

Hambani ngokutanda njengokuba uKristu wasitanda, wazinikela ngenxa yetu, abe umnikelo nomhlatshelo kuNkulunkulu, abe ipunga elimnandi. *Efe.* 5.

Ngiyanincenga, ngaloku, bazalwane, ngesihhau sikaNkulunkulu, ukuba ninikele imizimba yenu ibe umnikelo opilileyo, oyingcwele, okolekile kuNkulunkulu, oku inkonzo yenu yokuqonda. *Rom.* 12.

UMelkizedeki, inkosi yaseSalem, yaveza isinkwa newayini; yena waengumPristi kaNkulunkulu Opezu kwako konke. *Gen.* 14.

Ngonikela kuwe umnikelo wokubonga, ngipate iGama likaSimakade: Ngokoka izifungo zami manje pambi kwabo bonke abantu bake. *IHhubo* 116.

Konke kuvela kuwe, sikunikile okwesandhla sako. 1 *Izi-Kron.* 29.

Kusafundwa lawa'maSentense, abaDiakoni noma amaChurchwarden, noma abanye abamiselwe loko, mabamukele izipo zabantu neminye iminikelo ngesitsha esifaneleyo, bayise ngenhlonipo kumPristi: umPristi ayinikele ngokuzitoba pezu kweTafula eliNgcwele.

UmPristi akabeka eTafuleni isinkwa newayini abonayo ukuti kuzakwanela, eti,

BUSISA Nkosi, siyancenga lezizipo zako, uzahlukanisele umsebenzi oyingcwele, ukuba sipiwe ngazo ukudhla okungukupila okupakade kwomzimba nompefumulo; ngaye uJesu Kristu iNkosi yetu. *Amen.*

Asikulekele iChurch lonke lika Kristu.

NKULUNKULU, mNinimandhla onke, ongunapakade, wena owasifundisayo ngomApostoli wako ongcwele ukuti asitandazele abantu bonke sibabongele; siyazitoba

sicela kuwe ukuba ugobunene bako obukulu wamukele (iminikelo yetu) nezipo zetu, uvume ukwamukela lemitandazo yetu esiyiletayo pambi kwako, wena Nkulunkulu onobukosi. Siyancenga ukuba upefumulele njalo eChurch eliKatolika umoya weqiniso nobunye nokuvumelana. Yenza ukuba bonke abavuma iGama lako elingcwele bavumelane futi ngeqiniso leZwi lako elingcwele, bahambe nganhliziyonye nangokutandana okulungileyo.

Futi siyancenga ukuba uhhole endhleleni yokulunga nokutula zonke izizwe zabantu, uqinise amakosi onke, nabapati, nababusi, ukuba abantu bonke bomhlaba babuswe ngokulunga nangokutula pansi kwabo. Yenza ukuba umuntu wako uGeorge, uKing wakiti, izinduna zake nemihlangano yake yezindaba, nabo bonke abamiselwe uye ukupata abantu embusweni wonke wake, batete amacala ngeqiniso nango kungaketi kucitwe ukwona nobushinga, kumiswe ukuhlelwa okuyiko nokuhamba okulungileyo.

Baba wetu wasezulwini, banike abaBishopi nabaPristi nabaDiakoni bonke izipo zomusa wako, ikakulu uMbishopi wakiti . . . wokuba ngokuhamba nangokufundisa kwabo balicasisele iZwi lako eliqinisileyo, elipilisayo, bawenze ngokufaneleyo amaSakramente ako angcwele. Bape abantu bako bonke umusa wako wasezulwini, ikakulu laba ababutene lapa manje, ukuze kuti, ngezinhliziyo ezitobileyo, nangokuhlonipa okufaneleyo, balizwe balibambisise iZwi lako elingcwele, bakukonze ngobungcwele nangokulunga izinsuku zonke zokuhamba kwabo.

Bahhole kahle ubahlahlamelise bonke abasebenzayo ukuba iZwi lako lande pakati kwabantu bonke bomhlaba. Kanyisa ngokukanya kukaMoya wako zonke izikole nezikulu nezincane ukuba umhlaba wonke ugcwale ngokwazi iQiniso lako.

Bape abantu bonke ezikundhleni zabo ezahlukeneyo ukuba bafune ukwandisa okuhle kubo bonke, baqubele pambili ukutandana kwabantu abasemhlabeni.

Siyancenga, Nkosi, ngokutobeka okukulu, ukuba ngobunene bako ubaduduze ubasize bonke abahlupekileyo, abanosizi, abantulayo, abagulayo, noma abanokunye okubakatazayo lapa emhlabeni.

Futi siyanikela ezandhleni zako, Nkosi, wena onomusa, bonke abantu bako abadhlulileyo kulomhlaba bakolwa besabe wena, sincenga ukuba ubapate ngesihhau ubanike ukutula nokukanya, manje nangosuku lokuvuka.

Manje, Nkosi, siyadumisa wena ngenxa yamandhla ako nokulunga kwako okwabonakaliswa kubo bonke abaNgcwele bako, ikakulu kuMaria, iVirgo elibusisiweyo, uNina weNdodana yako uJesu Kristu, iNkosi noNkulunkulu wetu, nakubo oKoko abaNgcwele, nakubo abaProfeti nabaPostoli nabaMartire; siyancenga ukuba usinike amandhla wokuba sitokoze kanye neBandhla lonke labaNgcwele, silingisa ukuhamba nokukonza kwabo, bona abalungileyo, size sidhle kanye nabo ifa lombuso wako wezulu; sipe loku, Baba wetu, ngenxa yake uJesu Kristu, umLamuleli noMeli wetu oyedwa. *Amen.*

Isilungiselo.

UmPristi abesetsho kwabazakwamukela isiDhlo esingcwele, ati,

NINA enipenduka ngokuqinisileyo ezonweni zenu, nitandana nabakelene nani, nizimisele ukuhamba ngokutsha, nilalela imiteto ka Nkulunkulu, nihamba ngasemva kwaloku endhleleni yake engcwele; Sondelani ngokukolwa, namukele leliSakramente elingcwele ukuba niduduzwe, nizitobe nivume izono zenu kuNkulunkulu, uMninimandhla onke, ngezinhliziyo ezitobekileyo, niguqile ngamadolo.

Besekwenziwa lesi'siVumo sezono ngenxa yabo abazakusamukela isiDhlo esingcwele, senziwe omunye kubo abaKonzi; yena kanye nabantu beguqile bonke ngamadolo, beti.

NKULUNKULU, mNinimandhla onke, Yise weNkosi yetu uJesu Kristu, mEnzi wako konke, mAhluleli wabantu bonke; Siyazivuma izono zetu eziningi, sikala ngazo, Esizenzileyo futifuti ngokucabanga, nangokukuluma, nangokwenza, S'onile ebukosini bako, Sizivusela ukutukutela kwako okufaneleyo. Sesipendukile impela sidabukile ngenhliziyo ngalezizono zetu; Ukukumbula zona kuyasihlupa kakulu: Asinako ukuzitwala. Sihhaukele, Sihhaukele, Baba onesihhau esikulu; NgeNdodana yako iNkosi yetu uJesu Kristu, Sitetelele konke okwesikati esidhlulileyo; Yenza ukuba emva kwaloku sikukonze, Sitandeke kuwe ngokuhamba okutsha, Ukuze iGama lako elingcwele lidunyiswe libatshazwe; Ngaye uJesu Kristu iNkosi yetu. *Amen.*

UmPristi (noma uMbishopi uma ekona) abesesukuma, apendukele ngaku' bantu, atsho lesi'siKululo.

UNKULUNKULU umNinimandhla onke, uBaba wetu wasezulwini, yena otembisile ngesihhau sake esikulu ngokuti uyakubatetelela izono zabo bonke abapendukele kuye ngenhliziyo yonke, bekolwa kuye ngokuqinisileyo; makanihhaukele anitetelele izono zenu zonke, anikulule kuzo, aniqinise nilunge impela, aniyise ekupileni okupakade; ngaye uJesu Kristu iNkosi yetu. *Amen.*

UmPristi abeseti,

LALELANI amazwi aduduzayo omSindisi wetu uKristu awatshoyo kubo bonke abapendukele kuye ngeqiniso, ukuti,

WOZANI kimi nina nonke enikatazekile, nisindwa kakulu, ngonipumuza. *St. Matt.* 11. 28.

UNkulunkulu wawutanda umhlaba kakulu waza wanikela iNdodana yake ezelwe yodwa, ukuze bonke abakolwa kuyo bangabhubhi, kodwa babe nokupila okupakade. *St. John* 3. 16.

Lalelani futi okutshiwo uSaint Paul,

Leli'zwi liy'iqiniso, lifanele ukwamukelwa abantu bonke, lokuti, uJesu Kristu weza emhlabeni ukusindisa izoni. 1 *Tim.* 1. 15.

Lalelani futi okutshiwo uSaint John,

Uma umuntu ona, si nomMeli pambi kuka Yise uJesu Kristu olungileyo; ng'uyena oy'isihlaulelo sezono zetu. 1 *John* 2. 1.

Iconsecratio.

UmPristi, woti emi pambi kweTafula, esehlelile isinkwa newayini, ukuze abe nokuhlepula kahle isinkwa pambi kwabantu, atate nesitsha ngezandhla zake, abes'enza lomTandazo wokungcwelisa olandelayo:

UmPristi. INkosi mayibe nani.

Abantu. Mayibe nomoya wako.

UmPristi. Yenyusani izinhliziyo zenu.

Abantu. Siyazenyusela eNkosini.

UmPristi. Asiyibonge iNkosi yetu, uNkulunkulu.

Abantu. Kufanele kulungile ukwenza njalo.

UmPristi abesependukele eTafuleni leNkosi, ati;

KUFANELE impela, kulungile, kuyinkonzo engasiyenza, ukuba ngezikati zonke nasezindaweni zonke sibonge wena, Nkosi, Baba oyingcwele, Nkulunkulu, mNinimandhla onke, Opakade.

Lapa kotshiwo amazwi esiBongo esimiselwe usuku, uma sikona: uma singeko besekutshiwo, ngeSonto, lesi.

OWENA neNdodana yako ezelwe yodwa, kanye noMoya Oyingcwele, unguNkulunkulu munye, iNkosi inye, ngobutatu bezingqobo nangobunye besubstanse, owadala konke ngelizwi lako elipakade. Ngakoke sihlangene nezingelosi. . . .

Ngezinye izinsuku besekutshiwo lawa'mazwi alandelayo:

Ngakoke sihlangene nezingelosi, nezikulu zazo, nebandhla lonke lasezulwini, siyalibabaza, silikulisa iGama lako elidumileyo, sibonga wena ngokuti,

INgcwele, iNgcwele, iNgcwele, iNkosi uNkulunkulu wamabandhla: kugcwele izulu nomhlaba ubukosi bako: Maudunyiswe wena, Nkosi, opezu kwako konke. *Amen.*

UDUMO lonke nokuBonga akube kuwe, Nkulunkulu mNinimandhla onke, Baba wasezulwini, ngokuba wasipa, ngesihhau sako esikulu, iNdodana yako eyodwa uJesu Kristu, ukuba azitatele ubuntu betu afe esipambanweni ukuze asihlenge; yena owati, ngokuzinikela kwake kunye akwenza kwaba kanye, wenza ngokwaneleyo, nangokupeleleyo, nangokulingeneyo, umhlatshelo nomnikelo nenhlaulo, ngenxa yezono zabantu bonke: wamisa futi isikumbuzo sokuba kukunjulwe ukufa kwake oku nenani elikulu, wasiyala ngeVangeli lake elingcwele ukuba sisenze njalo aze abuye; Sizwe, Baba onesihhau, siyancenga ngokuzitoba kakulu: yenza ukuba tina, sizamukela lezi'zinto ezenziwa nguwe, isinkwa newayine, njengokuba kwamiselwa iNdodana yako umSindisi wetu uJesu Kristu, kukunjulwa ukufa nokuhlupeka kwake, sidhle

umZimba wake, silipuze iGazi lake okubusisekileyo kakulu: Owati ngalobo'busuku anikelwa ngabo (*a*) watata isiNkwa: kwati esebongile, (*b*) wasihlepula, wabapa abafundi bake, eti, Tatani, nidhle: (*c*) loku kung'umZimba wami onikelwa ngenxa yenu: yenzani loku ukuba ngikunjulwe. Futi emva kwokudhla (*d*) watata nesiTsha: kwati esebongile wabanika sona eti, Puzani kuso nina nonke: ngokuba loku (*e*) kuliGazi lami lesiVumelwano esiTsha elopiswa ngenxa yenu nabaningi, lopiselwa ukutetelela izono: Yenzani loku, ngezikati zonke zokulipuza kwenu, ukuba ngikunjulwe.

(a) Lapa umPristi atate iPaten ngezandhla zake.
(b) Lapa asihlepule isiNkwa.
(c) Lapa abeke isandhla sake pezu kwesiNkwa sonke.
(d) Lapa atate isiTsha ngesandhla sake.
(e) Lapa abeke isandhla sake pezu kwazo zonke iziTsha (iChalise noma iFlagon) ezinewayine elizakungcweliswa.

Ngalokoke Nkosi, Baba wasezulwini, njengokumisa kweNdodana yako etandekayo umSindisi wetu uJesu Kristu, tina abantu bako abatobekileyo sikumbula ukuhlupeka kwake okubusisekile, nokufa kwake okunqabileyo, nokuvuka kwake okunamandhla, nokwenyuka kwake okunobukosi, siyakubonga ngenhliziyo yonke ngenxa yalokokuhle okungenakubalwa esikuzuza ngako; sibheka futi ukuza kwake okunamandhla nodumo olukulu, siyanikela ebukosini bako lesisiNkwa esingcwele sokupila okupakade, nalesisiTsha sokusindiswa okupakade; siyakuncenga sitobekile, ukuba utele pezu kwetu uMoya wako oyiNgcwele napezu kwalezizipo zako, ukuze tina sonke esihlangene kuleNkonzo engcwele samukele ngokufaneleyo umZimba neGazi leNdodana okunenani elikulu, sigcwaliswe ngamandhla ngesibusiso sako sasezulwini.

Siyafunisisa kakulu ukuba uvume ngesihle sako, Baba, ukwamukela ngesihhau lomhlatshelo wetu wokubabaza nowokubonga. Siyancenga, ngokuzitoba okukulu, yenza ukuba ngokulunga nangokufa kweNdodana yako uJesu Kristu, nangokulitemba kwetu iGazi layo, tina kanye nalo lonke

iChurch lako, sitetelelwe sibe nako konke okuhle okutolakalayo ngokuhlupeka kwayo.

Siyazinikela kuwe, Nkosi, imipefumulo nemizimba yetu kube umhlatshelo ofaneleyo, ongcwele, ozwayo; Nakuba tina esinezono eziningi singafanele ukunikela kuwe umhlatshelo nowodwa nje, noko siyancenga ukuba uyamukele lenkonzo yetu engasikukonza ngayo, ungasipati ngokusifaneleyo kodwa usitetelele izono zetu, ngaye uJesu Kristu iNkosi yetu; ngaye, Baba mNinimandhla onke, maudunyiswe ubatshazwe wena kanye naye, noMoya oyiNgcwele, kuze kube pakade. *Amen.*

UmPristi. Njengaloku umSindisi wetu uJesu Kristu wasiyalela wasifundisa masitsho ngesibindi siti:

Bonke. Baba wetu osezulwini, Malahlukaniswe iGama lako, Mauze umbuso wako, Mayenziwe intando yako emhlabeni njengasezulwini: Sipe namuhla ukudhla kwetu kwanamuhla. Sitetelele izono zetu, Njengokuba nati sibatetelela abasonayo. Ungasiyisi ekulingweni; Kodwa usikulule kwokubi; Ngokuba umbuso ungowako, namandhla, nobukosi, kuze kube pakade. *Amen.*

Ikomunio.

Kona mabatule bonke ngesikatshane, abeseti umPristi eguqile ngamadolo, alande lomtandazo egameni labo bonke abasondelayo, eti:

NKOSI, wena onesihhau, asizenzeli ukusondela kulelitafula lako sitemba ukulunga kwetu, kepa siyetemba ubunene bako obukulu. Asifanele ngokwetu nokubuta imvutuluka nje ngapansi kwetafula lako. Kodwa wena uyiNkosi e'kuma kwayo kung'ukuhhaukela njalo. Ngakoke sipe, Nkosi, wena onesihhau, ukuba siyidhle ngokufaneleyo iNyama yeNdodana yako etandekayo uJesu Kristu, silipuze iGazi lake, ukuze imizimba yetu enokwona ihlanjululwe

ngomzimba wake, nemipefumulo yetu igezwe ngeGazi lake elinqabileyo, size tina sihlale kuye, naye ahlale kitina, kuze kube pakade. *Amen.*

UmPristi makasihlepule isinkwa abesesamukela isiDhlo izinhlobo zombili kuqala, anduba abele abaBishopi nabaPristi, nabaDiakoni ngokunjalo, uma bekona : abeseb'abela abantu ngabanye ezandhleni zabo beguqile ngokutobeka. Ekub'abeleni kwake isiNkwa, abesèti,

UMZIMBA weNkosi yetu uJesu Kristu owanikelwa ngenxa yako maulondoloze umzimba nompefumulo wako uze ufumane ukupila okupakade. Yamukela loku udhle, ukumbule ukuba uKristu wafa ngenxa yako, umudhle enhliziyweni yako ngokukolwa nangokubonga.

UmPristi es'abela ngesiTsha kumuntu abeseti,

IGAZI leNkosi yetu uJesu Kristu elopiswa ngenxa yako malilondoloze umzimba nompefumulo wako uze ufumane ukupila okupakade. Puza loku ukumbule ukuba iGazi likaKristu lopiswa ngenxa yako, ubonge.

Kuti umPristi uma engatsho lamagama asenhla, abe'seti leli engekababeli isiNkwa abantu,

SONDELANI namukele umZimba neGazi leNkosi yetu uJesu Kristu, okwanikelwa ngenxa yenu, nimudhle ezinhliziyweni zenu ngokukolwa, nibonge.

Uma esetshilo njalo angati, nxa abela umuntu isiNkwa,

UMZIMBA weNkosi yetu uJesu Kristu maulondoloze umzimba nompefumulo wako uze ufumane ukupila okupakade.

UmPristi owabela isiTsha umuntu angati,

IGAZI leNkosi yetu uJesu Kristu malilondoloze umzimba nompefumulo wako uze ufumane ukupila okupakade.

Sebamukele bonke umPristi makabuyele kulo iTafula leNkosi, abeke pezu kwalo ngenhlonipo okungcwelisiwe okuseleyo, akusibekele ngendwangu emhlope yelinen ; kodwa uma etanda angakudhla ngenhlonipo.

UKUBONGA.

Anduba umPristi enze lomTandazo wokubonga Ukudhlelana okungcwele.

UmPristi. Bongani uSimakade ngokuba enomusa.

Abantu. Isihhau sake asipeli napakade.

NKULUNKULU, mNinimandhla onke, opakade, siyabonga ngezinhliziyo eziqinisileyo, ngokuba kutandeke kuwe ukuba tina esesizamukele ngokufaneleyo lezi'zimfihlo ezingcwele, sipiwe ukudhla okunqabileyo kwompefumulo, oku ngumZimba neGazi leNdodana yako umSindisi wetu uJesu Kristu ; usiqinisela ngaloko utando lwako nobubele bako, nokuti siy'izito ezonazona zomzimba weNdodana yako ; yona e'mzimba wayo oyimfihlo uliBandhla elibusisiweyo labantu bonke abakolwayo ; nokuti siy'izindhlalifa zombuso wako opakade, ngetemba esinalo ngenxa yokufa nokuhlupeka okunqabileyo kweNdodana yako etandekayo. Siyancenga sitobekile, Baba wasezulwini, sisize ngomusa wako, ukuba sihlale njalo sinako loko'kuhlangana okungcwele, senze konke okulungileyo osilungisele kona ukuba sihambe ngako ; ngaye uJesu Kristu iNkosi yetu, odunyiswa ebatshazwa kanye nawe noMoya oy'iNgcwele, kuze kube pakade. *Amen.*

Besekutshiwo noma kuhlatshelelwe,

MAKADUNYISWE uNkulunkulu opezulu, kube ukutula emhlabeni, notando oluhle kubantu. Siyadumisa wena, siyababaza wena, siyakuleka kuwe, siyakulisa wena, siyabonga ubukosi bako obukulu, Nkosi Nkulunkulu, Nkosi yasezulwini, Nkulunkulu onguYise umNinimandhla onke.

Nkosi, Ndodana ezelwe yodwa, Jesu Kristu, Nkosi, Nkulunkulu, Mvana ka Nkulunkulu, Ndodana ka Yise, wena osusa izono zomhlaba, sihhaukele. Wena osusa izono zomhlaba, sihhaukele. Wena osusa izono zomhlaba, yamukela ukutandaza kwetu. Wena ohlezi ngasekunene kuka Nkulunkulu uYise, sihhaukele.

Ngokuba wena wedwa uy'ingcwele, wena wedwa uy'iNkosi, wena wedwa Kristu, kanye noMoya oy'iNgcwele, upezu kwako konke ebukosini bukaNkulunkulu uYise. *Amen.*

UmPristi, noma uMbishopi (uma ekona), akamukise abantu ngalesi'siBusiso.

UKUTULA okuvela kuNkulunkulu okudhlula ukuqonda konke, akugcine izinhliziyo zenu nimazi nimtande uNkulunkulu, neNdodana yake uJesu Kristu iNkosi yetu: IsiBusiso sika Nkulunkulu umNinimandhla onke, uYise neNdodana noMoya oy'iNgcwele, asibe pakati kwenu, sihlale kini njalo. *Amen.*

AmaKolekta atile angalandwa emva kwalo iKolekta elimiselwe usuku, nalapo isiBusiso singakalandwa. Amanye amaKolekta angamiswa nguMbishopi uma eswelekile.

BHEKA ngomusa, wena ongubuTatu obuyingcwelengcwele, lomsebenzi wetu wokudumisa nokukonza: lomhlatshelo ovezwa obala emehlweni ako, wena onobukosi obusezulwini, mawamukeleke kuwe, ube nosizo kitina nakubo bonke esibakumbulayo kuwo, okona ubusa uNkulunkulu munye, kuze kube pakade. *Amen.*

NKOSI, Jesu Kristu, owati kubaPostoli bako ukutula ngikushiya kinina, ukutula kwami ngininika kona; ungabheki izono zetu, bheka ukukolwa kweChurch lako kupela, banike lokukutula nokuvumelana bodwa okutandayo, wena okona ubusa noYise noMoya Oyingcwele, uNkulunkulu munye, kuze kube pakade. *Amen.*

NKOSI, Nkulunkulu, Opakade, wena oqinisayo yonke imipefumulo ekupileni; siyancenga ukuba ukanyise ngemisebe yokukanya kwako iChurch lonke elaseParadisi nelasemhlabeni; Sipe tina esihamba ngesibonelo esihle salabo abasekupumuleni abakade bakutanda bakukonza wena besesemhlabeni, ukuba, ekugcineni, singene kanye nabo ekutokozeni kwako okungapeliyo, ngaye uJesu Kristu, iNkosi yetu. *Amen.*

SISIZE ngesihhau, Nkosi, kulezi'zicelo zetu nemitandazo yetu, usiqondise tina 'bantu bako size sifumane ukusindiswa okupakade; ukuze kuti, sisepakati kwazo zonke iziyiba nezingozi zaloku 'kuhamba kwamanje, sivikelwe sisizwe nguwe, wena onomusa; ngaye uJesu Kristu iNkosi yetu. *Amen.*

NKOSI, mNinimandhla onke, Nkulunkulu opakade, siyancenga ukuba uqondise, uhlambulule, ubuse, izinhliziyo zetu nemizimba yetu, sihambe endhleleni yemiteto yako, silalele imiyalo yako; ukuze kuti, ngokusivikela kwako ngamandhla manje napakade, silondolozwe imizimba nemipefumulo; ngaye uJesu Kristu iNkosi nomSindisi wetu. *Amen.*

SIYACELA, Nkulunkulu, mNinimandhla onke, yenza ukuba lawomazwi, esiwezwileyo namhlanje ngezindhlebe zetu, amiliswe ngomusa wako ezinhliziyweni zetu; ukuze atele izitelo zokuhamba okulungileyo, kudunyiswe kubatshazwe iGama lako; ngaye uJesu Kristu iNkosi yetu. *Amen.*

SANDULELE, Nkosi, ezenzweni zetu zonke ngomusa wako omkulu, usihambise ngokusiza kwako okungakaukiyo; ukuze sidumise iGama lako elingcwele ngezenzo zetu zonke esiziqalayo, esizenzayo, esizigcinayo, sitemba wena; nokuze ekupeleni ngesihhau sako sifumane ukupila okupakade: ngaye uJesu Kristu iNkosi yetu. *Amen.*

NKULUNKULU, mNinimandhla onke, mtombo wokwazi konke; owazi ukuswela kwetu singakaceli, nokungazi kwetu lapa siti siyacela; Siyancenga ukuba usihhaukele tina esibutakataka; usipe lezo'zinto esesaba ukuzicela ngokuba singafanele, esingazi ukuzicela ngokuba siy'izimpumpute; ngenxa ka Jesu Kristu iNdodana yako iNkosi yetu. *Amen.*

NKULUNKULU, mNinimandhla onke, wena owatembisa ukuti uyakukuzwa ukutandaza kwabacelayo ngeGama leNdodana yako; Siyancenga, sizwe ngesihhau tina esikulekile kuwe manje; yenza ukuba lezo'zinto esizicelile ngokukolwa ngentando yako, sibe nazo impela, sizuze loko esikuswelayo, kuzwakale udumo lwako; ngaye uJesu Kristu iNkosi yetu. *Amen.*

IZIBONGO EZIMISELWEYO.

NgoMkosi weKristmas nezinsuku zonke kuze kube Epifany; nango wokuHlanjululwa nowokuLayezelwa kukaNina weNkosi (kepa ngalezozinsuku zombili akuyekwe izwi lokuti "kunga ngalesisikati").

NGOKUBA wanikela uJesu Kristu iNdodana yako eyodwa, ukuba azalwe ngenxa yetu, kunga ngalesi'sikati, yena owati ngokwenza kukaMoya oy'iNgcwele wenziwa waba umuntu impela, ngesubstanse likaNina uMaria iVirgo, wazalwa engenacala nakanye ukuba asihlambulule ezonweni zonke. Ngakoke sihlangene nezingelosi . . .

Ngo Epifany nezinsuku eziyisikombisa ezilandelayo.

NGAYE uJesu Kristu iNkosi yetu, eyati, ngesubstanse lenyama yetu efayo, yabonakalisa ubukosi bayo ukuba ikipe abantu bonke aba sezindaweni zonke ebumnyameni ibangenise ekukanyeni kwayo okumangalisayo. Ngakoke sihlangene nezingelosi . . .

Ngolwesine olandulelayo uEaster.

NGAYE uJesu Kristu, iNkosi yetu, Yena owati esebatandile abake ababesemhlabeni wabatanda kwaza kwaba sekugcineni, wati ngalobobusuku ahlupeke ngabo wazimisa lezizimfihlo ezingcwele, ukuze tina, sikwamukela okuhle kwokuHlupeka kwake, sipiliswa ngokuVuka kwake, senziwe sibe nesabelo sobuNkulunkulu bake, sigcwaliswe ngokupelela kukaNkulunkulu. Ngakoke sihlangene nezingelosi . . .

Ngo Easter kuze kube Ascension.

KODWA ikakulu kufanele ukuba sibonge ukuvuka okudumileyo kweNdodana yako uJesu Kristu iNkosi yetu; ngokuba ng'uyena oyiMvana eyonayona yePasika eyanikelwa ngenxa yetu, yasusa izono zomhlaba. Ngokufa kwake waqeda ukufa; ngokuvuka kwake kwabafileyo wabuyisela kitina ukupila ókupakade. Ngakoke sihlangene nezingelosi . . .

NgoAscension, kuze kube Pentekost.

NGAYO iNdodana yako etandekayo kakulu uJesu Kristu iNkosi yetu, eyati, lapo se ivukile kwabafileyo inobukosi obukulu, yazibonakalisa obala kubo abaPostoli bayo bonke, yenyuka yaya ezulwini beyibhekile, yaya ukusilungisela indawo, ukuze lapo ikona nati senyuke siye kona, sibuse kanye nayo sinobukosi. Ngakoke sihlangene nezingelosi . . .

Ngo Pentekost, nezinsuku eziyisitupa ezilandelayo.

NGAYE uJesu Kristu, iNkosi yetu; owati, esenyukile pezu kwamazulu onke ehlezi ngakwesokunene sobukosi bako, watela pezu kwabantwana abatolileyo uMoya wako oyingcwele opilisayo, ukuba ngamandhla ake adumileyo ukutokoza kweVangeli elipakade kuye emhlabeni wonke; Ngaloko sakitshwa ebumnyameni nasekudukeni, sangeniswa ekukanyeni ukuba sikwazi wena ngokuqinisileyo, neNdodana yako uJesu Kristu. Ngakoke sihlangene nezingelosi . . .

NgoMkosi wokuPendukisimo kweNkosi yetu.

NGOKUBA ukukazimula kwake uLizwi lako owaba inyama kwakanya entabeni eyingcwele, bebona ofakazi bobukosi bake, kwabonakalisa amandhla ombuso wake nokuza kwake kanye nabaNgcwele bake ekukanyeni. Ngakoke sihlangene nezingelosi . . .

Ngosuku lwabaNgcwele bonke, nangezinsuku zabaPostoli nabaVangeli nangosuku lwokuzalwa kuka St. John umBapatizi (kepa lesisibongo singayekwa inxa simiselwe esinye somkosi omkulu).

OSI bonisile ngaba Ngcwele bako isibonelo sokuhamba ngokulunga, nesitembiso esidumileyo sokubizwa kwetu: ukuze kuti tina, sihhaqiwe isixuku esingaka sofakazi, sigijime ngokubekezela ibanga esilibekelweyo, samukeliswe kanye nabo umqele wobukosi obungabuniyo. Ngakoke sihlangene nezingelosi . . .

Ngokukulekela abafileyo.

NGAYE uJesu Kristu, iNkosi yetu, owaveza obala ukupila okupakade, ukuze tina, esicindezelwe isisindo sesono nesokufa, singadabuki njengabangenatemba; ngokuba sazi ukuti nxa sokupela lokukuhlala kwetu kwasemhlabeni singaba nokuhlala okuhle kunako. Ngakoke sihlangene nezingelosi . . .

Ngosuku lwokuvulwa kwendhlu yokusonta, nezokukunjulwa kwako.

WENA, nakuba izulu lamazulu lingekwanele, nakuba udumo lwako lusemhlabeni wonke, ovumayo ukungena ezindhlini ezakiwe ngezandhla zahlukaniselwe eGameni lako, usahlezi kuzo utele izipiwo zomusa pezu kwabantu bako abatobekileyo. Ngakoke sihlangene nezingelosi . . .

1. *Asiyikwenziwa isiDhlo uma kungeko muntu nom'e munye ozakwamukela kanye naye umPristi.*

2. *Ezindhlini zokusonta ezitiwa Cathedral Church, nezitiwa Collegiate Church, nasemaCollege, lapo bekona abaPristi nabaDiakoni abaningi, mabamukele bonke isiDhlo kanye naye umPristi ngamaSonto onke, uma kambe singeko isixako esingabatiyayo.*

3. *Ukuze kungabiko izizindhlo ezidukisayo ezinhliziyweni zabantu ngenxa yesinkwa newayini, kwanele ukuba isinkwa sibe esidhliwayo kepa kube ngesikakolweni omuhle omhlope esingafumanekayo.*

4. *Uma isiNkwa neWayini okungcwelisiwe kupela, bengak'amukeli bonke umPristi makabuye angcwelise okunye okwaneleyo ngesimo sako: aqale kulawamazwi* (UmSindisi wetu, ngalobubusuku . . .) *okubusisa isiNkwa: aqale kulawamazwi* (Futi emva kwokudhla . . .) *okubusisa isiTsha.*

5. *Uma kukona okuseleyo okungcwelisiweyo makungapumi endhlini yokusonta, kodwa makudhliwe umPristi nabanye kwabesiDhlo angababizayo, badhle ngenhlonipo ngemva kwesiBusiso: kodwa lokokwenza kungayekwa njengomteto lowo omisiweyo enkonzweni yokuhambela abagulayo.*

6. *Isinkwa neWayini okwesiDhlo makutengwe umFundisi namaChurchwarden ngemali yomnikelo weBandhla lalesosiFunda.*

7. *Kufanele ukuba bonke abesiDhlo bamukele iSakrament elingcwele kaningi, ikakulu ngabamukela kuzo izinsuku ezinkulu zeChurch, uEaster ube olunye kuzo. Umteto weChurch waseProvince uti abantu mabamukele iSakrament elingcwele kungabi ngapansi kwezikati ezitatu ngomnyaka.*

8. *Kuyakuti abantu bonke iminyaka ngeminyaka balete kumFundisi imali yomnyaka efanele ukukitshwa eyokwondhla abaFundisi.*

9. *Ekupeleni kwenkonzo yesiDhlo seNkosi imali yomnikelo iyakumiselwa imisebenzi etile efaneleyo ngokubona kwomPristi namaChurchwarden. Uma bengavumelani kuyakwenziwa ngentando yoMbishopi.*

Ngezinsuku ezingesizo ezinkulu, uma evuma uMbishopi, isiVumo sokolo nehhubo lelo eliti Makadunyiswe uNkulunkulu opezulu, kungayekwa. Futi kungayekwa isiVumo sezono neZwi lokukulula loku okusenkonzweni, kulandwe loku okulandelayo:

UmPristi kanye nabantu. Siyavuma kuNkulunkulu, uMninimandhla onke, uYise, neNdodana, noMoya Oyingcwele, ukuti sonile ngokucabanga, nangokukuluma, nangokwenza. Kulicala letu elesabekayo. Ngalokoke siyacela kuNkulunkulu ukuba asihhaukele.

UmPristi yedwa. UNkulunkulu uMninimandhla onke makanihhaukele, anitetelele izono zenu zonke, anikulule ebubini bonke, aniqinise nilunge impela, aniyise ekupileni okupakade. *Amen.*

Printed in Great Britain
BY
WILLIAM CLOWES & SONS, LIMITED,
LONDON AND BECCLES.